**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWESIGAMU SONYAKA UMEYI NOJUNI 2019**

**ISIZULU IPHEPHA LESITHATHU ( ISIZULU PAPER 3)**

**IBANGA LESHUMI ( GRADE 10)**

**ISIKHATHI : 2 AMAHORA** **AMAMAKI : 100**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuphendula.
2. Phendula yonke imibuzo ngendlela oyalelwe ngayo.
3. Phendula ngesiZulu esihle.
4. Ungazixovi izimpendulo zakho.
5. Bhala ngesandla esihle.

1.Leli phepha lehlukaniswe isiqephu EZINTATHU:

ISIQEPHU A : Indaba (50)

ISIQEPHU B : Imibhalo emide edlulisa umyalezo (30)

ISIQEPHU C : Imibhalo emifushane edlulisa umyalezo (20)

2. Ohlolwayo kulindeleke aphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A,

Owodwa esiqeshini B, NOWODWA esiqeshini C.

3.Bhala uhlaka ekhasinin lephepha lokuphendula imibuzo lube sekhasini lwalo lodwa.

4.Bhala izimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

5.Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.

**ISIQEPHU A**

**INDABA**

UMBUZO 1.

Khetha **isihloko esisodwa** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama – 190 kuya kwangama- 240.

QAPHELA : Uhlaka kumele luvele ngaphambi kwendaba.

1.1. Engizibona Ngiyikho Eminyakeni Emihlanu Ezayo. (50)

1.2. Umbono Wami Ngokusetshenziswa Kwezobuchwepheshe Ezikoleni. (50)

1.3. Ukuzihlonipha. (50)

1.4. Ngiyokhohlwa Ngifile. (50)

1.5. Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso .

Nika indaba isihloko esiyifanele.

1.5.1.



(50)

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

2.Khetha isihloko **esisodwa** ubhale ngaso kube ngamagama angama – 80 kuya kwayi – 100.

**INCWADI YOBUNGANE**

2.1. Abazali bomngane wakho bamthengele isipho esihle sosuku lokuzalwa.**Mbhalele incwadi** umbongele ngaso bese umxwayisa ukuthi asisebenzise kanjani ukuze sibe nenzuzo kuyena. (30)

**UMLANDO NGOMUFI**

2.2. Umngani wakho ebenizwana kakhulu naye udlule emhlabeni ngokukhulu ukuzuma.Umndeni wakhe ukucele ukuba ubhale umlando wakhe.Bhala **umlando kamufi** ozowufunda ngosuku lwakhe lomngcwabo. (30)

**INKULUMO MPENDULWANO**

2.3.Abazali bakho bafuna ufundele ukuba udokotela uma usuqede uMatikuletsheni .Wena awukuboni lokho kungumqondo omuhle.Bhala **ingxoxo** yakho nomama wakho umbonise ngalolu daba. (30)

ISIQEPHU C :IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA IMIYALEZO

3.Khetha isihloko **esisodwa** ubhale ngaso kube ngamagama angama – 60 kuya kwangama – 80.

**ISIKHANGISO**

3.1. Bhala **isikhangiso** ozoheha ngaso abathengi ebhizinisi lakho olivulile lapho nihlala khona nomndeni wakho. (20)

**IKHADI LESIMEMO**

3.2. Bhala **ikhadi lesimemo** ozomema ngalo abangani bakho ukuzobungaza ngalo usuku lwakho lokuzalwa uqeda iminyaka eyi – 16. (20)

**IPHOSIKHADI**

3.3. Ufisa ukubonga umalume wakho obumvakashele ngamaholide.Mbhalele **Iphosikhadi** ubonge indlela ophathetheke ngayo. (20)

**AMAMAKI ESEWONKE :100**